
UNono kwabe kuyintombazana
ehlakaniphile, futhi esebenza kanzima,
Wabe ehlala no-Anti wakhe.

U-Anti wakhe wabe engamphethe kahle
uNono. Wabe emenzisa  yonke imisebenzi
yasekhaya uNono.



nono-finds-a-friend_interior.indd 2 2018/10/17 2:44 PM



Zonke izinsuku uNono wayevuka acule iculo.

**"Kuyoze kube nini?**
**Ngihlala ngedwa?**
**Ngikha amanzi emfuleni, ngilima amasimu,**
**Kuyoze kube nini?"**

Uma eseqede ukucula,wayehamba ayokha amanzi emfuleni, uma esebuyile u-Anti wakhe amnikeze igeja. UNono wabe enqena ukulima ensimini.



nono-finds-a-friend_interior.indd 4 2018/10/17 2:44 PM

Ngelinye ilanga uNono wathi eyolima wafica insimu isilinyiwe. Phezulu kwesinye isikhwebu sommbila kwabe kuhlezi intombazana encane. “Ngize ukuzokusiza,” kusho intombazana.

UNono wamoyizela ngokujabula okukhulu wathi, “Mina ngizokubiza ngoThuphazana ngoba wena ulingana nesithupha sami. Ngena lapha ephaketheni lami ukuze u-Anti angakuboni.”





nono-finds-a-friend_interior.indd 6 2018/10/17 2:44 PM

“Namuhla ngizokuwashela izitsha Nono. Ungaphumula,” kusho uThuphazana.

Ngesikhathi u-Anti kaNono ebona ikhishi lihlanzekile wamangala.

“Usebenze kanzima Nono namuhla. Usuqala ukuba yintombazana ekhuthele.”

UNono wajabula uma ezwa enconywa ekhuluma emoyizela.

“Anti ngicela ukusheshe ngilale namuhla. Ngizizwa ngikhathele.”



nono-finds-a-friend_interior.indd 8 2018/10/17 2:44 PM



Esikhundleni sokulala uNono waqala ukudlala noThuphazana.

U-Anti wangqongqoza kakhulu esicabheni, “Nono ngowani lo msindo engiwuzwayo?”

UNono wethuka kakhulu. “Akulutho Anti. Ngisuke ngaphupha kabi.”


“Woza uzolala nami uma unamaphupho amabi,” kusho uAnti.

“Ngilungile Anti akukubi,” kuphendula uNono.

UThuphazana wagigitheka kancane ecashe ngaphansi kombhede.



nono-finds-a-friend_interior.indd 10
2018/10/17 2:44 PM



Ngakusasa uNono wavuka
wehla embhedeni. Kodwa uThuphazana
wabe engasabonwa.

UNono wathatha ibhakede washona emfuleni.
Wafika wahlala phezu kwetshe wakhala.
“Buya, buya ngilosana yami!”

Kodwa uThuphazana akabuyanga.



nono-finds-a-friend_interior.indd 12 2018/10/17 2:44 PM

U-Anti wabe esemlindele ngesikhathi uNono ebuya. "Hamba uyovuna ummbila. Musa ukuvilapha. Buka-nje ukuthi kukuthathe isikhathi esingakanani ukuyokha amanzi."

UNono wathatha ubhasikidi wahamba. Waqala wacula ngokudabuka.

**"Kuyoze kube nini?**
**Ngihlala ngedwa?**
**Ngikha amanzi, ngilima amasimu,**
**Kuyoze kube nini?"**



nono-finds-a-friend_interior.indd 14 2018/10/17 2:44 PM



UNono wayecula yonke indlela ephikelele ensimini. Lapho-ke zonke izihlahla zaqala zadansa! Ummbila wazivuna wona qede wagxumela kubhasikidi.

“Thuphazana wami! Kungabe nguwena lowo?” kumemeza uNono ngokujabula.





nono-finds-a-friend_interior.indd 16 2018/10/17 2:44 PM

“Yebo Nono,” kuphendula izwi.

“Thuphazana! Kodwa ungishiyeleni? Ngiyakukhumbula,” kumemeza uNono.

“O Nono ngeke ngikwazi ukuhlala nawe. Kumele ngihlale lapha nomndeni wami wezingilosana. Kodwa uma unesizungu noma ufuna usizo, ucule iculo mina ngiyofika.”



nono-finds-a-friend_interior.indd 18 2018/10/17 2:44 PM

UNono noThuphazana bagxuma bagonana.
Bobabili bacula iculo elisha.

**“Manje sekuyisikhathi,
Sokuba nomngani,
Sobabili sikha amanzi, sobabili siyalima,
Izikhathi zishintshile.”**



nono-finds-a-friend_interior.indd 20 2018/10/17 2:44 PM

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*UNono Uthola Umngani*
Nono Finds a Friend

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0040
ISBN: 978-1-928441-88-5

Ishicilelwe okokuqala iIndwa Publishers.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguBusi Maphumulo.
Umfanekisi nguJess Jardim-Wedepohl
Umhlobisi nguJess Jardim-Wedepohl
Umhleli nguJocelyn Newmarch
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Indwa Publishers
Meredale, Johannesburg South, 2091
Matthew Jabulani Mngadi | 011 942-5389

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.